ISIFUNDO SABANTU
ABADALA SESIKOLE
SESABATHA



1 UDANIYELI

Okuqukethwe

1	Ukusuka Ekufundeni Kuye Ekuqondeni—28 Zibandlela - 3 Masingana	4
2	Ukusuka eJerusalema Kuye eBhabhiloni — 4 -10 Masingana	12
3	Ukusuka Emfihlweni Kuye Ekwambulweni— 11-17 Masingana	20
4	Ukusuka Emlilweni Kuye Esigodlweni —18-24 Masingana	28
5	Ukusuka Ekuziphakamiseni Kuye Ekuzehliseni— 25-31 Masingana	36
6	Ukusuka Ekuzigabiseni Kuye Ekubhujisweni – 1-7 Nhlolanja	44
7	Ukusuka Emphandwini Wezingonyama – 8-14 Nhlolanja	52
8	Ukusuka Olwandle Olugubhayo Kuye Emafwini Ezulu— 15-21 Nhlolanja	60
9	Ukusuka Ekungcolisweni Kuye Ekuhlanzekeni – 22-28 Nhlolanja	68
10	Kusuka Ekuvumeni Isono Kuye Enduduzweni – 29 Nhlolanja - 6 Ndasa	76
11	Ukusuka Empini Kuye Ekunqobeni—7-13 Ndasa	84
12	Ukusuka eNyakatho naseNingizimu Kuye Ezweni Elihle— 14-20 Ndasa	92
13	Ukusuka Othulini Kuye Ezinkanyezini— 21-27 Ndasa	100

Ihhovisi Labahleli:
12501 Old Columbia Pike
Silver Spring, MD 20904

Sivakashele ku Web Site yethu:
http://www.absg.adventist.org1

Umbhali Obenegalelo Elikhulu:
Ngu Elias Brasil de Souza

Umhleli:
Clifford R. Goldstein

Uzakwabo:
Soraya Homayouni

Umphathi Wezokushicilela
Lea Alexander Greve

Umsizi Womhleli:
Sharon Thomas-Crews

Umxhumanisi Wase Pacific Press®
Wendy Marcum

Imidwebo:
Lars Justinen

© 2020 General Conference of Seventh-day Adventists®. Onke amalungelo agodliwe. Ayikho ingxenye yesifundo Sesikole seSabatha (Esejwayelekile) engaguqulwa, ilungiswe, ikopishwe, noma ihunyushwe, yinoma ubani noma inhlangano ngaphandle kokuthola imvume ebhaliwe kwi General Conference yama Seventh-day Adventists®. Amahhovisi ezifunda zeGeneral Conference yama Seventh-day Adventist® agunyazisiwe ukwenza izinhlelo zokuhunyushwa kwesifundo Sesikole seSabatha ngaphansi kwemibandela ethile. Ubunikazi bamalungelo alezo zihumusho nezincwadi ezishicilelwe kuyohlala njalo kungokwe General Conference. Igama elithi "Seventh-day Adventist," "Adventist," kanye nophawu lwelangabi, yizimpawu zokuhweba ezibhaliswe ngokomthetho egameni leGeneral Conference yama Seventh-day Adventists® kanti akuvunyelwe ukusetshenziswa kwazo ngaphandle kwemvume yeGeneral Conference.

Isifundo sabadala sesikole seSabatha sihlelwe yihhovisi le Adult Bible Study Guide lase General Conference yama Seventh-day Adventists. Ukuhlelwa kwezifundo kwenzeka phansi kweso elibukhali le Sabbath School Publications Board, okuyisigungu esincane seGeneral Conference Administrative Committee (ADCOM), okuyiyona esabalalisa izifundo. Isifundo esisatshalalisiwe siwumphumela wekomiti elicwaningayo nokwamukelwa yiSabbath School Publications Board, ngaleyo ndlela ke isifundo asiwona umbono wababhali kuphela.

Izihumusho zeBhayibheli:
Izicaphuno zeBhayibheli , ngaphandle kwezithathwe kwi King James Version ngemvume kulesisifundo esejwayelekile, sekota yoluqala ku 2020, zimi kanje:
ESV. The Holy Bible, English Standard Version, Copyright2001 by Crossway, a publishing ministry of Good News.
NIV. The Holy Bible, New International Version ®, Copyright, NIV®. Copyright © 1973, 1978, 1984, 2011 by Biblica, Inc.® Used by permission. All rights reserved worldwide.
NKJV. New King James Version®. Copyright © 1979, 1980, 1982 by Thomas Nelson, Inc. Used by permission. All rights reserved.
NRSV. New Revised Standard Version of the Bilbe, Coyright© 1989 by the Division of Christian Education of the National Council of the Churches of Christ in the USA. Used by permission. All rights reserved.

UDaniyeli, Umprofethi Wesikhathi Sokugcina

Njengoba wase uphela umnyaka-khulu ka 19 sekuqala oka 20, kwavunguza umoya wethemba kwelaseNtshonalanga neYurophu. Ngenxa yeSayensi nobuchwepheshe, abantu babeqhubekela phambili ukuya eminyakeni yokunethezeka, ikusasa elethembisa okuningi okumangalisayo, lapho izimoi, izifo, ubumpofu, nendlala kuyobe sekuphele-nya. Kwakuyithemba-nje lelo.

Umnyaka-khulu ka 20 awugcinanga-nje ngokutshengisa ukuthi lelo themba lalishaye phansi, kodwa futhi latshengisa ukuthi kwakuyithemba lobuwula. Kungakho-nje kwathi lapho sesingena kumnyaka-khulu ka 21, lalingekho ithemba elingakanani ngekusasa.

Ngokubuka kweze, umhlaba usesesimweni esingesihle, kanti okubi kakhulu, ukuthi akubonakali sengathi izinto zingaba ngcono. Abantu namanje basagcwele ukuhaha, ingcindezelo, udlame, ukunqoba abanye, ukubaxhaphaza, nokuzilimaza njengoba kwakunjalo nakobabomkhulu bethu endulo. Khonamanjalo, inqubekela phambili enkulu yethu kwezobuchwepheshe, nakuba ilusizo ebantwini ngezinye izikhathi, iqhubekisela phambili ukuhaha, ingcindezelo, udlame, ukunqoba abanye, ukuxhaphaza, nokuzilimaza.

Konke lokhu akufanele kusimangaze kodwa, njengoba sinezindimana ezifana nalenazi: ”Inhliziyo iyakhohlisa ngaphezu kwakho konke, futhi imbi, ngubani ongayazi na?” (Jeremiya 17:9); “Ngokuba isizwe siyakuvukela isizwe, nombuso uvukele umbuso, kube khona indlala nokuzamazama komhlaba izindawo ngezindawo,izindawo ngezindawo,” (Mathewu 24:7).

Kodwa, phakathi kokulahlekelwa yithemba nosizi, sinencwadi kaDaniyeli, esifunda ngayo kulekota, incwadi eqonde-ngqo kithina esiphila kwi ayt qatz, okusho isikhathi sokugcina sesiphelo (Dan. 12:9). Lokho kungenxa yokuthi emakhasini angcwele encwadi kaDaniyeli sinobufakazi obunamandla, obenza umqondo, obukhulisa ukukholwa, hhayi kuphela-nje

ngokukholwa kwethu kuNkulunkulu, kodwa naseNkosini uJesu Krestu nokufa kwaKhe esiphambanweni, kanye nesithembiso sokubuya kwaKhe, nakho konke okuthintene nokubuya kwaKhe.

Ake uyicabange lento. Ezahlukweni zikaDaniyeli (isahluko 2, 7, 8, 11), sinikezwe ngezindlela ezehlukene, lokhu kulandelana kwemibuso: iBhabhiloni, iMedo-Pheresiya, iGresi, iRoma, nombuso kaNkulunkulu waphakade ngemuva kokubuya kukaKrestu.

Ngokubuka kwethu esiphila kulesikhathi namhlanje, singabona ukuthi yonke imibuso yomhlaba seyafika yaze yadlula njengoba kwakuprofethiwe. Noma-ke, uma kukhulunywa ngeRoma, yafika kodwa isekhona noma kungokwesikhashana nje, njengoba kwabhala uDaniyeli. Lombuso ufanekiswe ngezinyawo nezinzwane kuDaniyeli 2:33, 41, kanti ubonakala ezizweni zaseYurophu ezisehlukene nakulo ibandla laseRoma uqobo. Kanjaloke, sinesiqiniseko sesiprofetho seBhayibheli esibanzi nesisimeme njengomlando womhlaba lowo umuntu owayephila ngezikhathi zeBhabhiloni, noma iGresi, noma mhlawumbe ezinsukwini zokuqala zeRoma, ayengeke abe naso.

Njengoba siphila kulesikhathi sesiprofetho, singabona ukuthi uDaniyeli washaya khona mayelana nayo yonke lemibuso; ngakhoke sinazo zonke izizathu zokwethemba uNkulunkulu mayelana nalowo mbuso oseza: umbuso kaNkulunkulu waphakade, emva kokubuya kukaKrestu.

Yebo, incwadi kaDaniyeli namanje iyincwadi eqinisa ukukholwa, kakhulukazi kuma Seventh-day Adventist, wona athola phakathi kwamakhasi ayo izindimana ezaholela ekuzalweni kwebandla lethu, kakhulukazi uDaniyeli 8:14 othi: “Wathi kimi: ‘koze kube yizikhathi zokuhlwa nezokusa eziyizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu; bese yihlanjululwa indlu engcwele.’“ Lendimana ihambisana noDaniyeli 7:22, 26, 27, etshengisa ukuthi emva kokwahlulela okukhulu ezulwini, okwenzelwa abangcwele boPhezukonke, umbuso kaNkulunkulu waphakade uyokwesekwa. Ngokuphikisana nemibuso edlulayo yasemhlabeni, uyohlala kuze kube phakade.

Kodwa nokho, eduze “kwesithombe esikhulu” sibona ukuthi uKrestu angasondela kangakanani kithina ngabanye ngabanye. Kusukela ephusheni lnkosini uNebukednazeri kuye ekukhululweni kukaDaniyeli emphandwini wamabhubesi, lencwandi isibonisa ukusondela kukaNkulunkulu kithina; njengoba uDaniyeli watshela inkosi ekhohlakele uBelishasari, unguNkulunkulu “ophethe umphefumulo wakho esandleni saKhe nokungezaKhe zonke izindlela zakho” (Dan. 5:23).

Ngamafuphi, incwadi kaDaniyeli esifunda ngayo kuleKota, yilokhu iyilokho ngesikhathi ibhalwa ezinkulungwaneni zeminyaka eyedlule: ukwambulwa ngendlela enamandla kothando nesimilo seNkosi yethu uJesu Krestu.

U-Elias Brasil de Souza usebenza njengomqondisi weBiblical Research Institute eGeneral Conference yama Seventh-day Adventist. Uneziqu ze PhD zeTestamente eliDala azithola eAndrews University.